



MINISTRY
PUBLIC SERVICE AND ADMINISTRATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**Inkulumo Yokuhlanganyela kwePhini Likangqongqoshe
Nababambiqhaza kuMasipala Wendawo Emalahleni, eSifundeni
iNkangala,
eSifundazweni
iMpumalanga, 22
kuLwezi 2023**

Isiqubulo: Ukugqugquzelwa Kwamasu Amasha Ekuhlinzekweni
Kwezinsiza - Akekho Okumele Ashiyeke Ngemuva

Ibamba leMeya, uKhansela MB Hlumbane

Ibamba likaSomlomo: uKhansela SS Buthelezi

USotswebhu Omkhulu, uKhansela CP Maseko

uKhansela SS Buthelezi

Usihlalo we-*MPAC*, u-CL Maraba

Umqondisi Omkhulu kwa-*DPSA*, uMnu. E. Kgomo

Ummeleli Wezifundiswa (Ezemfundo) - UMnu. A. Usinga

**Ummeleli Wabezamabhizinisi (Ikomkhulu Kwezokuhweba) - UMnu.
A. Mgudlwa**

**Ummeleli Wezongoti (uDokotela Wezokwelapha) uDkt. N.S Mtembu
nawo WONKE amaKhansela ahlanganyele nathi namhlanje.**

Bafowethu nodadewethu

Namhlanje sihlangele lapha ukuze sixoxisana kabanzi maqondana noHlelo Lwentuthuko Edidiyele (*IDP*) kanye nekusasa ekuhlinzekeni ngezidingo kuMasipala Wendawo Emalahleni. Ngike ngathola ithuba lokubuyekeza umqulu we-*IDP* ka-2023/24, nokhombisa ngezinhlelo zikamasipala eminyakeni ezayo.

Ngilindele ukuzwa ukuthi senikenaxoxisana kabanzi ngokuthuthukiswa kwalolu hlelo, njengoba lokhu kuyizimfuno zoMthethosisekelo kanye neMithetho ngokunjalo nokuthi usubhekisiswe kabanzi umbono kanye nezinjongo ze-*IDP*, kwaphinda futhi kwabhekisiswa kahle nemibono yenu njengababambiqhaza ababalulekile.

Inhloso yethu yanamuhla akusikho nje ukuqinisekisa ukugcinwa kwezibopho ezisemthethweni kodwa ukuthi siphinde silalele ngokungenzeleli sizwe imibono yenu mayelana nenqubekelaphambili kanye nezinsalelo zikamasipala. Ngokusebenzisana, sihlolise ukunqoba izithiyo siphinde sisebenzele ukuzuzisa lokho okungumbono woHlelo Lwentuthuko Kazwelonke ehunyushwe yafakwa ngaphansi kwe-*IDP* ye-*ELM*.

Nakuba kungangabazeki lokho esikuzuzile kusukela kwaqaliswa ukusebenza kwe-*IDP* ngo-2022, esigxile kukho njengamanje yilezo zindawo okudingeka ukuba senze kangcono kuzo. Kudingeka ukuba sisebenze ngendlela ezohlinzeka ngezinsiza ngokudidiyele, futhi ezohambisana noHlelo Lwezokuthuthukisa Ngokwezifunda (*DDM*).

Zimbili izinto ezangikhalisa kakhulu enkulumweni kaMhlonishwa Nkalitshana eyandulela i-*IDP* ka-2023/24. Udaba lokuqala isilinganiso esiphansi ekukhokhelweni kwezinsiza zikamasipala, nokuyinto njengamanje elinganiselwa ku-60%. Lokhu kwehla kwesilinganiso sokuqoqwa kwentela kukhinyabeza ngqo ukuhlinzekwa kwezidingongqangi, njengoba kunokuntuleka kwezinsiza zezimali.

Udaba lwesibili ukuthi sizicekela phansi thina kanye nezenzo ezibukela phansi imizamo kahulumeni yokuhlinzeka ngezinsiza nengqalasizinda. Lezi zenzo zihlanganisa ukwebiwa kwamakhebula, ukuxhuma ugesi noma amanzi ngokungemthetho, kanye nokushiswa kwezikhungo zomphakathi njengezikole ngokunjalo nemitapo yolwazi. Lezi zenzo ziyasilimaza futhi kufanele sizilungise ngokushesha.

Nakuba siziqonda izinsalelo ezibhekene nomphakathi, njengezinga eliphezulu lokuntuleka kwemisebenzi, kepha kubalulekile ukuba sihlangele sikwazi ukubhekane nalezi zinsalelo. Kufanele sivikele impahla yethu kanye nekusasa lezingane zethu ngokubika labo abenza izenzo ezinjengalezi siphinde futhi sisebenzisana njengomphakathi.

Ukuhlangana kwethu kwanamuhla akukho mayelana nokuzokhuluma nje kepha kuqondene nokulalela kanye nokuxoxisana ngokuthi singawufeza

kanjani umbono we-*IDP*, siphinde siqinisekise impilo engcono kubantu bonke nekusasa lezingane zethu eliqhakazile. Mangidlulise ukubonga kwami kubo bonke ababambiqhaza abakhona, okuhlanganisa abaholi bomphakathi, ochwepheshe bezempilo, abasebenzi bahulumeni, kanye namalungu omphakathi. Ukubamba kwenu iqhaza kanye nokuzibophezela ekuphuculeni indlela yokuhlinzekwa kwezinsiza kubalulekile ekuthuthukisweni komphakathi.

Mqondisi Wohlelo, make nginicobelelane ngemiphumela esanda kwenziwa ngaphansi kohlelo "IoKuhlola Ukuhlinzekwa Kwezinsiza Endaweni okwenziwe Esibhedlela eMalahleni."

Inhloso yalokhu bekuwukuhlola indlela yokuhlinzekwa kwezinsiza zomphakathi kanye nokuhlonza izindawo okudingeka senze kangcono kuzo.

Ngesikhathi kwenziwa lokhu kuhlola, sihlole izinhloko ezahlukene zokusebenza kwesibhedlela, okuhlanganisa izinsiza ezihlinzekwayo, izinselelo ezikhona, kanye nokusebenza kohlelo lokubhekelelwa kwezikhalo eziphakanyiswayo. Imiphumela kulokhu isikhanyisela kabanzi ngomsebenzi omuhle owenziwe kanye nalapho kudingeka khona ukuba senze okuthile ngokushesha.

Okokuqala, izinsiza ezihlinzekwa yisibhedlela zibanzi futhi zibhekelela izidingo eziningi kwezempilo. Lezi zinsiza zihlanganisa imisebenzi yezempilo ehlanganisiwe, izinsiza zokunakekela emitholampilo, izinsiza zobuhlangikazi, i-*radiography*, izinsiza zeziguli, kanye nokunye okuningi. Iyancomeka kakhulu indlela amalungu abasebenzi asebenza ngayo ekuhlinzekeni ngezinsiza, futhi sikushayela ihlombe elikhulu nokuzinikela kwawo ekuletheni usizo ngaso sonke isikhathi.

Nakuba kunjalo, siphinde sathola ukuthi kusenezinselelo eziningi eziphazamisa ukusebenza kahle kwesibhedlela ekuhlinzekeni ngezinsiza ngendlela efanele nangempumelelo. Enye yezinkinga ezinkulu ezihlonziwe kube yisibalo esiphezulu seziguli ezizifikelayo. Nakuba isibhedlela senzewe ukuba samukele iziguli ezidlulisiwe, ukuzifikela kweziguli kuphazamisa izinsiza ezikhethekile zalesi sibhedlela. Ngenxa yalokho, kuba nesidingo esikhulu sezinsiza, nokuholela ekushodeni kwemibhede kanye nokuthembela kakhulu kubasebenzi bama-ejenti. Lesi simo sibeka engcupheni iqophelo lokuhlinzeka ngonakekelo siphinde senze kube nzima ukusebenza kubasebenzi bezempilo.

Ngaphezu kwalokho, sihole ukuthi eminye imiphakathi yendawo isabhekene nezinselelo ekutholeni usizo lwezempilo, njengoba kufanele ihambe amabanga amade. Nakuba esibhedlela kufinyeleleka ngezithuthi zomphakathi, kufanele sisebenzele ukuqinisekisa ukuthi wonke amalungu omphakathi afinyelele kalula kulokho akudingayo kwezempilo.

Ngokohlelo lokubhekana nezikhalo, sibonile ukuthi kunenqubomgomo

kanye nenqubo ekhona yokubhekana nalezi zikhalo. Kodwa-ke, azikho izikhalo eziningi ezisafakwe yizakhamuzi okwamanje, nokubonisa isidingo sokuqwashisa kanye nokukhuthaza labo abamukela usizo ukuba bafake imibono yabo. Kufanele siqhamuke nosiko lokuxoxisana ngokuvulelekile futhi siziphendulela, nokuyilapho izakhamuzi zizokwazi ukuzibona zinamandla okuzwakalisa imibono kanye nezimo esezike zahlangabezana nazo.

Ukwengeza, imiphumela yokuhlola iveza ukubaluleka kokubusa, ukuphatha, kanye nezinsiza ekuqinisekiseni ukuhlinzeka ngezinsiza ngempumelelo. Ukuba khona komphathi owengamele izikhalo kanye nethimba elizinikele ekuthuthukiseni izinga lokusebenza kukhombisa ukuzibophezela ekuxazululeni izinkinga nokwenza ngcono lolu hlelo. Nakuba kunjalo, kufanele siqinisekise ukuthi sinazo izinsiza ezidingekayo ukuze siqalise ukusebenza kahle kwenqubomgomo kanye nenqubo yokubhekela izikhalo.

Ngesikhathi sokuhambela kwami le ndawo, ngiphinde ngathola ithuba lokuxhumana namalungu abasebenzi futhi ngazibonela mathupha ukuzinikela kwabo. Ngiyayincoma imizamo yabo kanye nobuqotho babo ekuhlinzekeni ngokunakekela nanoma kunezinsalelo. Kepha-ke, kusanezindawo lapho kudingeka khona sizeseke ngokwengeziwe, njengokubhekana nokushoda kwabasebenzi kanye nokwenza ngcono uhlelo lokuqasha abasebenzi.

Ngokwemiphumela esiyitholile ngokuhlola, kusekhona esingakwenza ukuthuthukisa indlela yokuhlinzeka ngezidingo zomphakathi e-*Witbank Tertiary Hospital*. Ukuzinikela kwethu enhlalakahleni yomphakathi kudinga ukuthi sithathe izinyathelo ezithile ngokushesha futhi senze lezo zinguquko ezidingekayo. Lokhu kubandakanya ukubhekana nezinsalelo ezihlonziwe, ukwenza ngcono ukufinyeleleka ezinsizeni zokunakekelwa kwezempilo, kanye nokuphucula uhlelo lokubhekana nezikhalo.

Ngikhuthaza bonke ababambiqhaza abakhona lapha namuhla ukuba babambe iqhaza ekuxoxisane baphinde bahlinzeke ngolwazi kanye nezinsizelo ezibalulekile. Ngokubambisana, singakwazi ukwakha uhlelo lokunakekelwa kwezempilo olufinyelelekayo, olusebenza kahle, futhi olusabelayo ezidingweni zomphakathi wethu.

Sengiphetha, ngithanda ukudlulisa ukubonga kwami kochwepheshe bezokunakekelwa kwempilo, abaphathi, kanye namalungu abasebenzi abasebenza ngokuzikhandla ukuze banakekele futhi basekele umphakathi wethu. Kuyancomeka kakhulu ukuzinikela kwenu kanye nokuzibophezela ekuhlinzekeni ngezinsiza emphakathini. Masibambane ngezandla futhi sisebenze ngokubambisana ekwakheni uhlelo lokunakekela ngezempilo oluhambisana nezidingo zomuntu ngamunye kuMasipala Wendawo eMalahleni.

Ngiyabonga.